NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2021

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A *ISIGCINO NGESAMI – S.G. ZULU*

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni **'*ISIGCINO NGESAMI*'**. Phendula imibuzo engezansi.

1.1 NguSifiso/NguSifiso Mahlase

1.2 UShabalala

1.3 Ukuthi uma uThoko eqeda eNyuvesi uzosebenza iminyaka emibili ukuze akwazi ukukhokhela uMshengu imali yokumfundisa, kungakuhle ukuthi enze umsebenzi ohloniphekile abe yiphoyisa, ngaphambi kokuthi ashade.

1.4 **UMahlase** ungubaba onothando nesineke nomusa. Ngenkathi uMshengu efikile kwakhe ezolanda indodakazi yakhe uThoko, wazama ukubonisana noMshengu ngokubaluleka kokudedela izingane zishade, akazange amulwise noma amphoqe ukuthi athathe umbono wakhe noma esemngena emlonyeni esakhuluma.

UMshengu ungubaba onenkani, unguzwi lakhe, akalaleli muntu, akahloniphi amalungelo abanye. Ngenkathi ezolanda uThoko kwaMahlase wakhombisa ukudelela uMahlase emzini wakhe. Waphinde watshela uMahlase noThoko ukuthi isigcino kuzoba ngesakhe. Wayengakukhathalele ukuthi uThoko uzizwa kanjani futhi ufunani. (pg 10)

1.5 Funda isigaba esicashunwe emdlalweni **'*ISIGCINO NGESAMI*'**. Bhala impendulo ezoba **ngamagama angama-60 kuya kwangama-80** ngokulandelayo.

- Ukuthi ungumuntu omhlophe, inkawu, isishaywa. Akafani nabo ngebala, akamnyama. Okunye ukuthi uphazamisa isivumelwano asenza noThoko sokukhokha imali amfundisa ngayo. (pg 9)

- Kuzoya ngempendulo yomfundi: Ukucwasana ngebala akulungile ngoba akekho onelungelo lokubukela omunye phansi. Nasebhayibhilini uNkulunkulu akakuthandi futhi usidale ngokufana nangothando.

- **Isiphetho** ukuthi bagcine bethelelene amanzi. Nakuba uMshengu wayengamthandi uSifiso ekugcineni wavuma ukuthi bashade benoThoko ngoba wabona ukuthi uthando lwabo ngolweqiniso futhi lunamandla. USifiso wabuye wakhombisa inhliziyo enhle ngokuthi avume ukuthi uMshengu aye esibhedlela eThekwini ukuze azothola usizo oluphambili. (pg 56/57)

  Isifundo ukuthi ungawabali amaqanda inkukhu ingakawachamiseli. UMshengu wayezitshelile emqondweni wakhe ukuthi umuntu ofana noSifiso akayifanele indodakazi yakhe, kodwa uSifiso ugcine esekhombisa uthando oluyisimanga ngokuthi akhethe ukuqhubeka ashade noThoko ngisho noma eseshile.

IEB Copyright © 2021

Okunye ukuthi ukubekezela kuzala impumelelo. Ngenxa yokubekezela kukaSifiso, ugcine eseshadile noThoko.

Uthando lweqiniso. USifiso uqhubekile nokushada noThoko ngisho noma eseshile. (pg 54)

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 2

'Indawo ohlala noma ophila kuyo ingaba nomthelela omubi noma omuhle empilweni yakho.' Bhala ngalesi sitatimende ubhekise emdlalweni '***ISIGCINO NGESAMI***'.

- Indawo lapho lo mdlalo wenzeka khona.

  Le ndaba yenzeka emakhaya emzini kaMshengu. Encwadini kuyashiwo nokuthi uThabi udadewabo kaThoko wafika ekhaya evela ekolishi (pg 37). Lo mdlalo uphinde wenzeke kwaMahlase, kwaNqampu kanye nasesibhedlela.

- Impilo abayiphilayo/Isimo senhlalo.

  Abantu bale ndawo bathanda ukuhlala kakhulu ngaphandle, egcekeni, ngaphansi kwemithi uma behlangene kunodaba abafuna ukuludingida. (pg 5, 6, 27). Basaphila impilo yokutshala nokulima ensimini. UMaNdlela wahlangana nomakhelwane wakhe uMaDlamini ngenkathi bebuya ensimini. Baphinde baphile nempilo yokufuya. UMshengu wadayisa izinkomo zakhe ukuze athole imali yokufundisa uThoko. Kunemizi nezindlu ezahlukene egcekeni elilodwa. Encwadini kuthiwa uMshengu ngenkathi ezolanda uThoko kwaMahlase babonana endlini enkulu (pg 24, 30). Abantu besifazane bahlonipha abayeni babo ngokweqile. Obaba abaphikiswa ngisho noma besephutheni.

- Umthelela wendawo ezimpilweni zalaba balingiswa:

  – UMshengu

    UMshengu ungubaba oyisikhaya, okholelwa emasikweni, okholelwa ekutheni indoda yinsika yekhaya futhi izwi layo elokugcina emndenini. Akakwazi ukulalela izwi lomkakhe nendodakazi yakhe uThoko ngoba bengabantu besifazane. Indlela akhuluma ngayo nabo ikhombisa ukungabahloniphi. UMshengu ubeze abophe uThoko ngozankosi ukuze kugcine yena (pg 35). UMshengu uphinde afune ukubuyiselwa imali yakhe yokumfundisa uThoko uma eseqedile isikole. Lokhu kungenzeka ukuthi kudalwa ngukuthi uMshengu ubengasiboni isidingo sokuthi uThoko afunde njengomuntu wesifazane. UMshengu ungumuntu onodlame othanda impi ngoba nakhu unenkolelo yokuthi mhlawube welusa, akasabi muntu yena. Ukuphila kule ndawo kwenza uMshengu ukuthi angamamukeli noSifiso ngenxa yokuthi

uhlukile ngebala, wayeze ambize ngamagama. Okwakumkhathaza ukuthi nabantu bendawo bazothini uma uThoko eshada nomuntu omhlophe (pg 9/10). Ngenxa yendawo uMshengu wayeze akholelwe ekutheni konke lokhu kudelela kukaThoko kanye nezenzo zakhe kudalwa ngukuthi amadlozi amfulathele ngenxa yezenzo zakhe (pg 44).

- UThoko

  Umthelela wale ndawo kuThoko ukuthi uThoko ubehleze njalo efisa ukujabulisa abazali bakhe ikakhulukazi ngokukhathazeka ngokuthi umbono kababa wakhe uzothini (pg 1/2). Ukuyofunda kwamenza ukuthi izinto aqale azibone ngeso elihlukile, okwenza ukuthi abazali bakhe bacabange ukuthi akasabahloniphi ikakhulukazi uMshengu kanti wayezama ukulwela amalungelo akhe (pg 11/12). UThoko waze wabaleka ngisho ekhaya ukuyoziganisa kwaMahlase, engasenandaba nokuthola izibusiso zabazali ikakhulukazi ezivela kuyise nokwesiko lale ndawo. Indaba yokuvela kukaSifiso kubo kaThoko wayitshela unina kuqala okwakumele ayidlulisele kuyise nokuyocela ubaba omncane ukuthi asize ngodaba lwakhe.

- UMaNdlela

  Ngenxa yokuthi umuntu wesifazane kumele ahloniphe indoda ngaso sonke isikhathi, umthelela wale ndawo umenze ukuthi ahluleke ngisho nokulwela amalungelo akhe kumyeni wakhe. Umyeni wakhe umthembisa kalula induku uma ngabe ezama ukugqamisa umbono wakhe (pg 12).

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 3

Bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Kuzoya ngempendulo yomfundi.

Empendulweni yomfundi makucace ukuthi kwenzekani futhi yini esazokwenzeka.

USifiso

Angaveza ulaka lwakhe ngokusha nendlu kukaThoko ngenxa yokuthi uMshengu engafuni ukuthi bashade. Angabuza ubaba kaThoko ukuthi yini kahle kahle inkinga yakhe. Yini ngoba bavumile ukuthi imali afundisa ngayo uThoko bazoyikhokha/izinkomo azisebenzisa ukumfundisa bazozikhokha (pg 5/pg 10). Nanokuthi yini inkinga yakhe ngabantu abamhlophe nangebala (pg 9). Uhlushwe yini ngoba nguyena othandana noThoko futhi nguyena ozogana uThoko (pg40). Bobabili noThoko abanankinga ngalokhu ngakho-ke uhlushwe yini. USifiso angaveza ukuthi uzwile ukuthi uMshengu umbiza nangamagama ayiziswana nanokuthi uzoziphindisela kuMshengu ngeke akhohlwe yilesi senzo sakhe kuThoko. Yini okumele ayenze, usethumele abakhongi kaningi yize sebexoshwa ngomkhonto (pg 21–22).

USifiso angaveza nokuthi kwale ngisho noma esemcenga uThoko ukuthi amdedele ngoba usekhulile (pg 11)/ufuna agugele ezinsisheni. Angabala nokuthi inkani kaMshengu imenze ukuthi agcine esethatha nezinyathelo ezifana nokubaleka ekhaya ayoziganisa kwaMahlase (pg 25/26)/waze wacabanga nokuzishadisa ngaphandle kwemvume yabazali bakhe (pg 30). Aveze nokuthi uMshengu uze wambopha ngozankosi njengesilwane noma isigebengu ngenxa yokuthi ubefuna kugcine yena (pg 35). Lokhu kwambangela ulaka wagcine esesebenzisa uphalafini ukushisa imoto kababa wakhe engasebenzi esegcekeni (isikorokoro) (pg 41), wabaleka wayocasha kwababomncane uNqampu kodwa ubaba wakhe waphikelela wamlanda ngenkani. Kwale ngisho uThoko engasadli futhi engasakhulumisi muntu ekhaya (pg 44), ubaba wakhe waphikelela ngokuthi amadlozi amfulathele ngenxa yezenzo zakhe (pg 44).

Kwale ngisho unkosikazi wakhe emncenga kaningana (pg 34) kanye nomfowabo uNqampu (pg 17/42/43) ukuthi amdedele ngoba izenzo zakhe sezikhombisa ukungaphili ngokomqondo. Yena waqinisa ikhanda wanqaba waphetha. Waxosha abakhongi izikhathi eziningana, ngisho nangomkhonto.

Angaveza nokuthi uThoko uze wagcina ngokuthi ancamele ukufa, wazishisa nendlu (pg 45). Ngakho-ke yena ngeke ahlukane noThoko futhi uthando lwabo seluqine kakhulu kunakuqala. Angaphinde aveze imizwa yakhe yokuzonda uMshengu nanokuthi uzoziphindiselela.

UMshengu angakhombisa ukuzisola nokuxolisa

UMshengu angakhombisa ukuzisola ngazo zonke izenzo zakhe. Aveze nezizathu zokuthi lezi zenzo bezidalwa yini, njengokuthi unomona ngoThoko, ubengafuni lutho ngaye. Angaveza ukuthi isinqumo sokuthi uSifiso aqhubeke nokufuna ukushada noThoko ngisho noma eseshile, kumenze abone ukuthi uthando lwabo kungolweqiniso (pg 54/57). Angaxolisa ngakwenzile kanye nenkani yakhe egcine ngokuthi indodakazi yakhe endala ayikhonzile, igcine ngokusha. Angaxolisa kuSifiso ngokuthi ambize ngamagama, aphinde abonge nokubekezela kwakhe. Angathembisa nokuthi akasezukubavimbela endleleni yabo yothando.

Ingqikithi (okusendabeni = 7/okwakho = 3)

Isakhiwo (isingeniso sengxoxo –½, ukweqa imigqa –½, imizwa –½, *block format* –½)

Ulimi nohlelo (izivumelwano –½ isipelingi –½) (ulimi olunothile –1)

Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200**. I-eseyi yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.

Isingeniso

- Umfundi angasho ukuthi yena noThoko bangabangane ababedlala, bakhula ndawonye futhi bafunda ndawonye. Lobu bungane bubenze ukuthi bagcine sebethembana, betshelana ngisho nezimfihlo. Bebeze baxoxe ngisho nangabantu abathandana nabo (pg 1/2). USifiso naye wamazi kanjalo. Ngenxa yokuthi ungumuntu wesilisa olungile nonomusa futhi uphatha kahle umngane wakhe, bagcine sebengabangane nabo (pg 29/30). UJabu angaveza ukuthi uzizwa ejabulile kakhulu ngoba uThoko ukhombisile ukuthi ungumngane weqiniso. Naye uma eseshada nakanjani uyothanda ukuthi kube nguThoko okhulumayo. Kubangani umazi kangcono (pg1). Umfundi angaveza nokuthi uyazi ukuthi uJabu ubewujahe kanjani lo mshado ngosuku lokuqala uThoko emtshela ngawo wayesekhuluma eyomsiko (pg 2). Ubemvakashela esibhedlela emkhuthaza nakumalungiselelo omshado futhi ubenentshisekelo yokusiza. (pg 53)

Ingqikithi

- Ngamaphuzu **amathathu** chaza ngobudlelwano benu nokuthi nazana kanjani noSifiso.

  UJabu angachaza ukuthi uSifiso noThoko bahlanganaphi. UThoko wayezizwa kanjani ngenkathi esamshela. Yena njengomngani wayecabangani ngoSifiso. Angasho nokuthi uSifiso wasizwa nguye ukuthi bagcine sebethandana. Ngenxa yokuthi uSifiso wayeyinsizwa ebeleselayo babebonana njalo benoThoko naye wagcine esemazi uSifiso. Ngenxa yokuthi ungumuntu wesilisa olungile nonomusa futhi ophethe kahle umngane wakhe, nabo bagcine sebengabangane (pg 29/30). Bahlela nokuthi uJabu abavakashele ngesikhathi uThoko esahlala kwaMahlase. (pg 30)

- Yisho **okuthathu** okwaziyo ngoThoko.

  UThoko ungumuntu wesimame obekezelayo noyaziyo into ayifunayo. Aveze ukuthi kusukela uSifiso ecela umshado, uThoko akakaze angabaze ngothando lwabo. Inkinga enkulu ebimkhathaza bekungubaba wakhe ukuthi uzovuma yini kwazise yena usemdala mhlawumbe ngeke aphinde athole nomuntu ozomshada. Okunye ukuthi uSifiso wayefuna ukushada noThoko ngokushesha ukuze azokwazi ukunakekela umama wakhe ngoba wayemazi ukuthi unesineke nothando. Mayelana nokwazi into ayifunayo, uThoko wayezimisele ukulwela uthando lwabo, encamela ngisho nokufa. Ungumuntu ozimisele ngemfundo usalelwe ngunyaka owodwa aqede, ubefisa ngabe umshado ufike eseziqedile izifundo zakhe. (pg 2)

IEB Copyright © 2021

- Chaza ukuthi ucabanga ukuthi uThoko uzoba ngunkosikazi onjani. Nika **okuthathu**.

  Okokuqala uJabu angaveza ukuthi uThoko ungumuntu oqotho, onothando, onomoya omuhle, Angasho nokuthi selokhu abazi abakaze baxabane, uThoko uhlezi ebeka uthando lwabo phambili ngisho bengaboni ngaso linye. USifiso wayenawo umkhuba wokukhumbuza uThoko ukuthi uma ubaba wakhe eqhubeka nokunqaba ukuthi bashade, uzovesane athathe omunye umuntu. UThoko uzozithola esenkingeni ngoba usemdala (13/14). Angasho nokusho ukuthi uma uThoko eyifuna noma eyithanda into uyazimisela futhi uyayilwela. Wayezimisele nokulwela uthando lwabo waze wagcina ngokuzishisa nendlu (pg 45/46). UThoko wayesekulungele ukuba ngumkaSifiso, wayeze eqe, ayoziganisa kwaMahlase. Zonke lezi zenzo zingubufakazi bokuthi uThoko ukulungele ukuba ngunkosikazi Mahlase futhi uzophatha uSifiso kahle.

- Nika amaphuzu **amane** ukuthi ucabanga ukuthi bazohlalisana kanjani emshadweni wabo. Sekela, uphawule ngobudlelwano bukaThoko noSifiso.

  UJabu angaveza ukuthi ngenxa yokuthi uthando lwabo ngolweqiniso akangabazi ukuthi bazohlalisana kahle. Okunye angakuveza ukuthi bobabili bayahloniphana futhi banemimoya ephansi, izenzo zikaThoko zazidalwa ukunqaba kukayise. Ngakho-ke bazokwazi ukulungisa izinkinga zabo, ngisho noma bexabana bazokwazi ukuthola isixazululo esihle. Okwesithathu ukuthi uthando lwabo ludlule ezigamekweni eziningi ezinzima kodwa ekugcineni baphumelela. Angabala konke okwenzeke kuThoko, kanye nemizamo yabo yokuthi bagcine bendawonye. Okunye angakusho ukuthi bakwazile ukuxolela uMshengu futhi bavumelana nanokuthi bathembisa nokumhambisa esibhedlela esiseThekwini esiphuma phambili ukuze athole usizo oluphelele. Lokhu kukhombisa ukubambisana kanye nokuthi bazimisele ukugcina imindeni yomibili ijabulile. USifiso ukhombise ubudoda nobuqotho ngokuthi angabambeli umkhwe wakhe amagqubu. Angaphinde aveze ukuthi ngokushada umshado oyindumezulu bakhiphe konke abanakho kukhombise ukuthi bazimisele, futhi bathandana kangakanani. Ngakho-ke akangabazi ukuthi bazobambisana futhi bazohlalisana kahle kakhulu.

- Ukubonga abantu abenze ukuthi lo mshado ube yimpumelelo (abalingiswa abasendabeni).

  UJabu uzothatha ithuba abonge abangane, omakhelwane kanye namalunga omndeni ngokuba khona kulo mshado kanye nokubambisana, kusukela ekuqaleni kwenziwa amalungiselelo kuze kube sekugcineni. Angaphinde abonge uMshengu njengosokhaya, ukuthi agcine esevumile ukuthi laba ababili bashade.

IEB Copyright © 2021

Isiphetho

Umyalezo ofisa ukuwudlulisela abashadikazi uThoko noSifiso.

- UJabu angasho ukuthi nakuba engakashadi kodwa ubafisela okuhle kodwa. Asho nokuthi kuningi akufundile ngothando lwabo. Ngakho-ke akangabazi ukuthi naye uma eseshada konke kuzohamba kahle. Angabashiya nomyalezo wokuthi baqhubeke nokuthandana ngokweqiniso nanokubambisana. Baphinde bazi ukuthi emshadweni kuyabekezelelwana futhi yibona abazozakhela umshado oyimpumelelo. UMaNdlela umbekezelele umyeni wakhe. Okunye ukuthi bangashintshi futhi bangafihlelani izinto. UThoko watshela uSifiso iqiniso mayelana nokuthi uMshengu uzizwa kanjani ngaye, noma wayazi ukuthi lelo qiniso lizomphatha kambi uSifiso. Bathembeke ngaso sonke isikhathi. Baphinde baqaphele umuntu wesithathu okungaba umngane noma ilunga lo mndeni. Basike iphethini kubazali babo aseshade iminyaka eminingi kangaka – bathathe okuhle bafunde nabangakugwema/kwenza kangcono.

Isakhiwo (isihloko – ½ izigaba – ½)

Ulimi nohlelo (izivumelwano – ½ isipelingi – ½) (ulimi olunothile – 2)

Inani lamagama nokulibhala

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

Khetha uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagamam **ayi-150 ukuya kwangama-180**.

5.1 INCWADI YAKOMKHULU

Ekubhalweni kwencwadi yakomkhulu umfundi akaqaphele lokhu okuyizimpawu zokubhalwa kwencwadi yakomkhulu:

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile (½)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (½)
- Isikhundla salowo obhalelwayo (½)
- Ikheli lobhalelwayo (½)
- Isihloko (½)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina ozithobayo/okhathazekile (½)
- Ukusayina (½)
- U … (½) egameni
- Igama lobhalile (½)

Ingqikithi

Izinto ezimbi ezenziwa yiziqhwaga

Lezi ziqhwaga zithathela abanye babafundi umphako wabo kanye nemali yokudla esikoleni. Lokhu kwenza iningi labafundi lingafundi kahle ngoba selifunda lilambile. Ngoba ziyasatshwa futhi zisabisa iningi labafundi ngokuthi ozothi-vu umlonyana wakhe, uzowukhomba onotshwala, ayikhothe imbenge yomile. Ngisho nasemakilasini iningi lo thisha liyabasaba ikakhulukazi labesifazane. Bazenzela umathanda futhi akulula ukubabamba ngoba bahlakaniphile.

Ukuhlukumeza kwenzeka nini, kuphi, kanjani

Esikhathini esiningi lokhu kuhlukunyezwa kwenzeka ekuseni uma kufikwa noma ntambana uma sekuphuma isikole. Iningi lezingane selisaba ngisho ukuza esikoleni, angisayiphathi yokuphuma kwesikole, ibhulukwe liba manzi-te ukucabanga okungase kwenzeke. Kuphinde kwenzeke uma othisha bengekho noma abafundi bengabodwana. Kwenzeka emakilasini, ezindlini lapho kuhlala khona abafundi kodwa ikakhulukazi ezinkundleni zemidlalo kanye nasemathoyilethi. Ziningi izindlela ezisetshenziswa yilezi ziqhwaga njengokuthi basebenzise abanye abafundi ukukuyengela ophathe njalonjalo.

IEB Copyright © 2021

Umthelela wezenzo ezimbi zeziqhwaga esikoleni

Umthelela ukuthi iningi labafundi kanye nothisha alisakuthokozeli ukuza esikoleni. Okubi kakhulu ukuthi imisebenzi yabo iyaphazamiseka. Lokhu kubulala ikusasa labo ngenxa yeziqhwaga eziyizehluleki. Okunye ukuthi ukulimala kwekusasa labo ukulimala komphakathi, ukulimala komphakathi, ukulimala kwesizwe. Nesikole naso sigcina sesiba negama elibi emphakathini, iningi labafundi lingabe lisakulangazelela ukufunda khona. Lokhu kumosha igama lesikole kudicilele phansi imisebenzi emihle eseyenziwe eminyakeni edlule.

Othisha nabazali bangenzani ukusiza

Isixazululo ukuthi wonke umuntu ohlukumezekile kanye nosikhathalele lesi sikole kuzomele abambe iqhaza. Kuzomele wonke amalunga omphakathi asebenzisane ngokubambisana kubizwe umhlangano omkhulu lapho kuzothathwa khona izinqumo eziqatha. Namaphoyisa kuzomele alungenelele lolu daba ukuze lezi zigilamikhuba zizokhalelwa amasongo kasigonyela, isikole sethu sibuyelwe udumo lwaso lokukhiqiza abafundi abanekusasa eliqhakazile.

Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile kwagqama ukuthi **uyakhononda** uyowola wonke amamaki. Aqaphele ulimi ngoba yena ubhala njengomzali obhalela uthishomkhulu wesikole.

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala –½ izivumelwano –½ isipelingi –½, ulimi olunothile –½)
Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

NOMA

5.2 **UMBIKO**

Nanka amaphuzu abalulekile ngombiko:

Isakhiwo
- Isihloko (½)
- Isingeniso (1)
- Izindlela zokuqoqa ulwazi (1)
- Okutholile ocwaningweni (½)
- Isiphetho (½)
- Iziphakamiso (½)
- Igama lobhalile (½)
- U … (½) egameni
- Ukusayina (½)
- Isikhundla salowo obhalile (½)
- Usuku (½) – inyanga ngesiZulu esiphelele (1)

IEB Copyright © 2021

Ingqikithi

Okutholile
- Ukungahloniphi abazali nothisha
- Ukuthatha izidakamizwa
- Ubugebengu obenziwayo

Isiphetho

Iziphakamiso **ngephuzu ngalinye**

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala –½ izivumelwano –½ isipelingi –½, ulimi olunothile –½)
Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

Nasi isibonelo sombiko:

Isihloko: Umbiko ngokungaziphathi kahle kwabafundi baseMqhawe High.

Isingeniso: Umbiko ngezimbangela zokungaziphathi kahle kwezingane zaseMqhawe High, ucelwe nguthishanhloko ngomhla ka-20 kuMbasa ku-2019.

Izindlela zokuqoqa ulwazi:

1. Ukuxoxisana nabafundi.

2. Ukuxoxisana nothisha bezikole zendawo.

3. Ukuxoxisana nabazali babafundi.

4. Ukuxoxisana namalunga omphakathi nje.

5. Ukuxoxisana nabaholi bomphakathi.

6. Ukuxoxisana nemikhandlu yabazali.

7. Ukuxoxisana nemikhandlu yabafundi.

8. Ukuxoxisana namaphoyisa endawo.

Ingqikithi (10)

Okutholakele:

1. Amanye amalunga omphakathi **anesandla ekubhebhethekiseni** ukungahloniphi kwabafundi besikole ngoba befuna ukuqhubeka nokudayiswa kwezidakamizwa ezikoleni ukuze benze imali esheshayo.

2. Nabanye othisha banomthelela ngoba babanga izikhundla zokuphatha ezikoleni. Abanelisekile ngokuthi uMnyango wakhetha wena thishomkhulu ekuqaleni konyaka.

IEB Copyright © 2021

3. Abazali banesandla ekubhebhethekiseni ukungahloniphi ngoba bayasaba ukujezisa nokukhuza izingane zabo.

4. Abanye abaholi bomphakathi banesandla ngoba bazuza amaphuzu kwezepolitiki uma izingane zidla izidakamizwa zingalaleli.

5. Abaholi bomphakathi abezwani bebodwa ngenxa yobulungu ezinhlanganweni zombusazwe. Kunombango, ngakho-ke bazibhekelela bona kunokulungisa izinkinga zomphakathi.

Ukuphetha:

Ziningi izimbangela ezidala ukungaziphathi kahle kwabafundi baseMqhawe High, kanti zibonakala zidalwa amalunga omphakathi, kubandakanya nothisha. Kudingeka umhlangano kakhukhulela ngoqo wazo zonke izinhlaka zomphakathi ukuze kuvulelwane izifuba bese kuqhanyukwa **nezixazululo** ezingaba yikhambi elelaphayo ukuze ikusasa labafundi liqhakaze.

Iziphakamiso:

1. Othisha abayeke **ukubamba imihlangano ngasese babambisane** ukuze izingane zizothola imfundo eziyizele esikoleni.

2. Othisha abafunde ukubekezelelana nokwamukela ukwehlulwa embangweni wezikhundla zokuphatha benze umsebenzi wabo ngokuthembana.

3. Abafundi **ababoniswe ngobubi nemiphumela yokungahloniphi, ukuthatha izidakamizwa kanye nokwenza ubugebengu**. Mhlawumbe, uthishomkhulu angamema uKhomishina wamaphoyisa ukuze azolekelela. Okunye okungenziwa ukuthi amaphoyisa aseshe abafundi, labo abatholakala benecala baboshwe.

4. Abaholi bomphakathi abahole umphakathi ngeqiniso.

5. Abaholi bomphakathi ababambe imihlangano namalunga omphakathi ukuze umphakathi uveze izikhalo zawo futhi bakwazi ukulekelela isikole ngokuthembeka.

6. Abaholi abafunde ukuhloniphana.

7. Amaqembu ezepolitiki awafunde ukubekezelelana ngoba azokona ikusasa lezingane.

Uhlelwe ngu: D.B. Zimu
D B Zimu
26 kuNhlaba 2019
[Usihlalo wesigungu sabafundi]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 6

6.1 UKUBHALWA KWE-SIMEMO

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu;

Ingqikithi

- Incazelo ngohlelo lwangalolo suku.
  Kuzokwenzekani, kanjani, okudingekayo nokungadingeki …
- Okuzogqokwa
- Ukuphendula xhumana no …

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki.

Isakhiwo: siya kubani (½) sivela kubani (½); usuku (½); isihloko (½) indawo (½) nesikhathi (½)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

NOMA

6.2 ISIKHANGISO

Umfundi kumele alandele yonke imigomo yokubhalwa kwesikhangiso:

Ingqikithi

- Umkhiqizo/imikhiqizo ekhangiswayo/edayiswayo ngalolo suku
- Okuzobe kwenzeka osukwini
- Inani lomkhiqizo (½) Uma libhalwe ngamagama
- Isiqubulo

Isakhiwo: Isihloko esihehayo (½) Usuku/izinsuku ngesiZulu (1) Umfundi uthola (½) uma engabhalanga ngesiZulu usuku. Isikhathi/izikhathi (½). Indawo okutholakala kuyo lomkhiqizo (½) Izinombolo zokuxhumana (½)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)

Amagama anele (½) ukubhala inani lamagama (½)

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2021